Incwadi echaza indlela yokutholwa kolwazi

(Maqondana nesigaba- 14 soMthetho wokutholwa kolwazi i- Promotion of Access to Information Act 2 ka 2000)

Okuqukethwe

1 Isingeniso 2

2 Isimo somkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE 2

3. Isakhiwo somkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE 2

4 Imisebenzi yomkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE 4

5 Imininingwane enikwa umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE 5

6 Indlela yokucela ukuthola amarekhodi emkhandlwini wemfundo ephakeme i- CHE 5

7 Imali yokucela kanye neyokuthola amarekhodi 7

8 Izihloko kanye nezigaba zamarekhodi agcinwe ngumkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE 7

9 Amalungelo okugodla 9

10 Incwadi yeKhomishani yamaLungelo eSintu yezeluleko ngokusetshenziswa koMthetho i-Information Act 9

11 Amalungiselelo okuhlanganyela komphakathi 10

12 Izindlela zokulungisa ezikhona eziphathelene nokungazithobi komkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE 10

1 Isingeniso

1.1 Le ncwadi yokuthola ulwazi ihlanganiswe ngumkhandlu wemfundo ephakeme i-Council on Higher Education (CHE) maqondana nesigaba -14 soMthetho i-Promotion of Access to Information Act 2 ka 2000 ngokufushane i-(Information Act) ukuze kusizakale abantu abafuna ukuthola amarekhodi aphethwe noma agcinwe ngumkhandlu wemfundo ephakeme i -CHE.

1.2 Lo Mthetho i-Information Act wenza kusebenze ilungelo elikumthethosisekelo lokuthola ulwazi njengoba kusho isigaba-32 soMthethosisekelo.

2 Isimo somkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE

Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE -

2.1 wasungulwa waba nesiqu esingokomthetho maqondana nesigaba- 4 soMthetho wezeMfundo ePhakeme i- Higher Education Act 101 ka 1997 (Higher Education Act) ukuze weluleke uNgqongqoshe kunoma yisiphi isihloko kwezemfundo ephakeme;

2.2 yinhlangano yomphakathi ngenxa yalo Mthetho i- Information Act, ngakhoke kumele uhambisane nezibopho zawo zokuba yinhlangano yomphakathi engaphansi kwalo Mthetho; futhi

2.3 yinhlangano yomphakathi ebhaliswe ku-Sheduli-3 ngenxa yoMthetho wezeziMali zomPhakathi i- Public Finance Management Act 1 ka 1999 (i-PFMA).

3. Isakhiwo somkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE

Umkhandlu

3.1 Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE uba namalunga angadluli ku-23 akhiwe ngale ndlela elandelayo:

3.1.1 uNgqongqoshe wezeMfundo uqoka-

- usihlalo;
- amalunga ajwayelekile angagcina ku-13; kanye
- namalunga angu-6 angavoti akhethwa ngabaQondisi Jikelele bemiNyango ngokulandelana, oweMfundo, owoBuciko namaSiko, kanye noweMisebenzi; nabaPhathi kuziFundazwe bezeMfundo; nabesiKhungo sikaZwelonke sezoCwaningo i- National Research Foundation esasungulwa maqondana noMthetho wezocwaningo i-National Research Foundation Act 23 ka 1998; kanye ne- South African Qualifications Authority (SAQA) eyasungulwa maqondana

noMthetho i- South African Qualifications Authority Act 58 ka 1995 (i-SAQA Act):

3.1.2 kugcine emalungeni angu-3 afakwe ngumkhandlu wemfundo ephakeme i -CHE.

3.2 Usihlalo kanye namalunga ajwayelekile aqokwa ngokuphakanyiswa kwamagama

- ngumphakathi;
- yizinhlangano zikazwelonke ezimele abafundi, abasebenzi kwezemfundo, abaphathi bamanyuvesi, abaphathi bamathekhinikhoni; abaphathi bamakolishi emfundo ephakeme; abaphathi bezikhungo ezizimele zemfundo ephakeme; izinhlaka zokuqhutshwa kwemfundo; abafundisayo; abamabhizinisi ababumbene kanye nezinyunyana ezibumbene;
- abezocwaningo kanye nemikhandlu yesayensi; kanye
- nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni.

Isigungu esiphethe

3.3 Umkhandlu wemfundo ephakeme i -CHE usungule isigungu esiphethe, esakhiwa ngusihlalo womkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE kanye namanye amalunga amane aqokwa ngumkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE.

Isigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme

3.4 Umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE usungule isigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme i- Higher Education Quality Committee ukuze senze imisebenzi yokuqhubekisa kanye nokuqinisekisa izinga lemfundo maqondana noMthetho weMfundo i- Higher Education Act. Isigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme kukholakala ukuthi sinikiwe ukwethenjwa ngabakwa-SAQA maqondana nesigaba-5(1)(a)(ii) soMthetho i-SAQA Act njengohlaka lokuqinisekisa izinga lemfundo nokufundisa i-Education and Training Quality Assurance ukuthi lubheke ngqo imfundo ephakeme.

Ezinye izigungu

3.5 Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE ungasungula ezinye izigungu ezinezezela ngaphezulu kwesigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme kanye nesigungu esiphethe, ukuze usizwe ekwenzeni umsebenzi wawo. Noma yisiphi esinye isigungu ngaphandle kwesigungu esiphethe singaba nabo abantu abangesiwona amalunga omkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE

Isikhulu esiphethe jikelele kanye nabanye abasebenzi

3.6 Umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE kumele uqoke isikhulu esiphethe jikelele -

- ukuze enze imisebenzi eshiwo ngumkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE;
- ukuze aqaphe ukusebenza kwabasebenzi bomkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE; futhi
- akwazi nokuchaza ngengcebo kanye nezikweletu zomkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE.

3.7 Umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE ungabaqasha abanye abasebenzi uma ukholwa ukuthi kukhona isidingo sokusiza isikhulu esiphethe jikelele.

4 Imisebenzi yomkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE

4.1 Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE ungamluleka uNgqongqoshe kunoma yisiphi isihloko kwezemfundo ephakeme ngokuzicabangela kwawo, kanti kumele:

4.1.1 umluleke uNgqongqoshe kunoma yisiphi isihloko sezemfundo ephakeme ngokucela kukaNgqongqoshe;

4.1.2 uhlele futhi uxhumanise izingqungquthela;

4.1.3 ngesigungu sawo esisebenza ngokugcwele, isigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme -

- uqhubekisa ukugcinwa kwezinga lemfundo ephakeme;
- uhlole amasu okugcinwa kwezinga ezikhungweni zemfundo ephakeme; futhi
- ugcizelele ukwethenjwa kwezinhlelo zemfundo ephakeme.

4.1.4 usakaze ulwazi oluphathelene nentuthuko emfundweni ephakeme, okuhlanganisa imibiko ngesimo semfundo ephakeme, ngezikhawu ngezikhawu;

4.1.5 uqhubekise nokufinyelela kwabafundi ezikhungweni zemfundo ephakeme; futhi

4.1.6 wenze neminye imisebenzi:

- ewunikwe noma ejutshwe maqondana noMthetho wemfundo ephakeme i- Higher Education Act;
- edluliselwe noma inikezwe yona nguNgqongqoshe ngesaziso esisemqulwini kahulumeni i-*Government Gazette*.

4.2 Ukwelulekwa okushiwo ku-4.1.1 ngenhla, kuhlanganisa ukwelulekwa-

4.2.1 ekuqhubekiseni noma ekuqinisekiseni izinga eliphezulu;

4.2.2 ocwaningweni;

4.2.3 esakhiweni sohlelo lwemfundo ephakeme;

4.2.4 ekuhlelweni kohlelo lwemfundo ephakeme;

4.2.5 emaswini okwabiwa kwezimali zomphakathi;

4.2.6 osizweni lokuxhasa abafundi ngezimali;

4.2.7 osizweni lokusekela abafundi;

4.2.8 ekuphathweni kwezikhungo zemfundo ephakeme kanye nohlelo lwemfundo ephakeme; kanye

4.2.9 nenqubo kwezolimi.

4.3 Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE kanye nesigungu sokubheka izinga lemfundo ephakeme i- Higher Education Quality Committee kumele kuhambisane nenqubo kanye nemigomo eyakhiwe yi-SAQA maqondana nesigaba 5(1)(a)(ii) soMthetho i- SAQA Act.

5 Imininingwane enikwa umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE

Yonke iminyango kahulumeni ekuzwelonke noma ezifundazweni, yonke imikhandlu yezesayensi, yocwaningo noma yochwepheshe exhaswe yimali yomphakathi kumele inike umkhandlu wemfundo ephakeme i -CHE leyo minininingwane efaneleyo nengafunwa ngumkhandlu wemfundo ephakeme i -CHE ukuze ikwazi ukwenza imisebenzi yayo maqondana noMthetho wemfundo ephakeme i- Higher Education Act.

6 Indlela yokucela ukuthola amarekhodi emkhandlwini wemfundo ephakeme i- CHE

6.1 Isicelo sokuthola amarekhodi emkhandlwini wemfundo ephakeme i-CHE kumele-

6.1.1 sihambisane kakhulu nefomu u- Form C wesijobelelo u- Annexure B weNqubo ephathelene nokuqhutshekiswa kokuthola ulwazi i-Promotion of Access to Information (GNR 187, GG 23119 ka 15 Febuwari 2002). Ukuze kube lula ukubona okushiwoyo leli fomu lenziwe laba ngu-Sheduli 1 wale ncwadi yokuchaza;

6.1.2 sinikwe isikhulu esiphethe somkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE, kuhlanganiswe nanoma iyiphi imali edingekayo yokufaka isicelo, siye ekhelini, noma enombolweni yefeksi noma ekhelini le-imeyili elingenzansi:

The Information Officer – Isikhulu esiphethe
Council on Higher Education
Didacta Building
211 Skinner Street
Pretoria
0001

Noma ku

PO Box 13354
The Tramshed
Pretoria
0126

Inombolo yocingo : (012) 392 9100
Inombolo yefeksi (012) 392 9110

i-imeyili: admin@che.ac.za

6.2 Ifomu lesicelo kumele:

6.2.1 linikeze imininingwane eyanele eyokwenza ukuthi umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE ukwazi ukuthola kokubili kokuthi:

- ngubani ofake isicelo; nokuthi
- yiliphi irekhodi noma amarekhodi acelwayo;

6.2.2 *lisho indlela lowo ofaka isicelo afuna ukuthola ngayo irekhodi*;

6.2.3 lichaze ikheli leposi noma inombolo yefeksi yofake isicelo yaseRiphabliki yaseNingizimu Afrika;

6.2.4 lichaze ilungelo lowo ofake isicelo afuna ukulisebenzisa noma ukulivikela f*uthi linike incazelo yokuthi kungani lelo rekhodi lifuneka ukuze lelo lungelo lisetshenziswe noma ekuvikeleni lelo lungelo*;

6.2.5 uma, ngaphezulu kwempendulo ebhaliwe, ofake isicelo efisa ukutshelwa ngesinqumo sesicelo nganoma iyiphi enye indlela, makayichaze leyo ndlela kanye nemininingwane edingekayo ukuze atshelwe kanjalo; futhi

6.2.6 uma isicelo sifakwe ngokumela omunye umuntu, kumele kulethwe isiqiniseko sesikhundla lowo ofaka isicelo asisebenzisayo njengoba efaka leso sicelo, esizowenelisa umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE.

6.3 Isikhulu esiphethe jikelele siyisikhulu esiphethe umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE.

7 Imali yokucela kanye neyokuthola amarekhodi

7.1 Ofake isicelo kumele akhokhe leyo mali yokucela kanye neyokuthola irekhodi efanele eshiwoyo ezigabeni 52 kanye no-54 zoMthetho i- Information Act nanjengoba kushiwo ezigabeni 2, 3, kanye no-4 zengxenye yesithathu u-Part III wesijobelelo i-Annexure A weNqubo emayelana noMthetho i-Promotion of Access to Information (GNR 187, GG 23119 of 15 February 2002). Ukuze kube lula ukubona okushiwoyo, imali enqunyiwe yokucela kanye neyokuthola irekhodi ihleliwe yenziwe yaba ngu-Sheduli 2 wale ncwadi yokuchaza.

7.2 Futhi, ofake isicelo kungenzeka kubuye kudingeke ukuthi akhokhe imali yesibambiso.

7.3 Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE ungakugodla ukutholakala kwanoma yiliphi irekhodi eliceliwe kuze kuthi lowo ofake isicelo akhokhe imali edingekayo.

8 Izihloko kanye nezigaba zamarekhodi agcinwe ngumkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE

Umkhandlu wemfundo ephakeme i- CHE uphethe amarekhodi ezihloko kanye nezigaba ezijwayelekile, okuhlanganisa lokhu okulandelayo:

8.1 Amarekhodi omkhandlu

8.1.1 Amaminithi omkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE kanye nawezigungu zawo

8.1.2 Izincwadi ezibhalwe ngaphakathi emkhandlwini wemfundo ephakeme i-CHE

8.1.3 Izincwadi eziphuma ngaphandle komkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE

8.1.4 Inqubo kanye nezindlela zangaphakathi zokwenziwa kwezinto

8.1.5 Inqubo kanye nezindlela zangaphandle zokwenziwa kwezinto

8.1.6 Izivumelwano zokuhwebelana nabanye abantu

8.1.7 Izivumelwano zokusebenzisana nezinye izinhlaka zikahulumeni

8.1.8 Amarekhodi aphathelene nokuqinisekisa ukugcinwa kwezinga emfundweni ephakeme

8.1.9 Amarekhodi aphathelene nokuhlolwa kwamasu okuqinisekisa ukugcinwa kwezinga ezikhungweni zemfundo ephakeme

8.1.10 Amarekhodi aphathelene nokugcizelela ukuthenjwa kwezinhlelo zemfundo ephakeme

8.1.11 Imibiko yocwaningo, okubhaliwe, namaphephabhuku

8.2 **Amarekhodi ezezimali**

8.2.1 Amarekhodi okuhlowa kwezimali okujwayelekile

8.2.2 Isabelo mali sonyaka

8.2.3 Imibiko yezimali zonyaka

8.2.4 Izitatimente zezimali zonyaka

8.2.5 Amabhuku abhale ingcebo nempahla ekhona

8.2.6 Amarekhodi okukhokhwa kwentela

8.2.7 Inqubo kanye nezindlela zangaphakathi zokuphatha izimali

8.3 **Amarekhodi abasebenzi**

8.3.1 Izivumelwano zokuqashwa kwabasebenzi

8.3.2 Inqubo kanye nezindlela zangaphakathi zokwenziwa kwezinto

8.3.3 Amarekhodi esikhwama somhlalaphansi

8.3.4 Amarekhodi omxhaso wezindleko zokwelashwa

8.3.5 Amarekhodi abasebenzi

8.4 **Amarekhodi kahulumeni**

Njengesikhungo esingaphansi kukahulumeni futhi esingumqashi, umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE uphethe amarekhodi adingekayo ngokwemithetho eyahlukene, okuhlanganisa amarekhodi adingwayo noma alethwayo ngaphansi kwale mithetho elandelayo:

8.4.1 UMthetho wentela i-Income Tax Act 58 ka1962

8.4.2 UMthetho wentela i-Value Added Tax Act 89 ka 1991

8.4.3 UMthetho wemfundo ephakeme i-Higher Education Act 101 ka 1997

8.4.4 UMthetho i-South African Qualifications Authority Act 58 ka 1995

8.4.5 UMthetho wobudlelwano bomsebenzi nomqashi i-Labour Relations Act 66 ka 1995

8.4.6 UMthetho wokuqasha i-Basic Conditions of Employment Act 75 ka 1997

8.4.7 UMthetho wamathuba okuqashwa i-Employment Equity Act 55 ka 1998

8.4.8 UMthetho womshuwalense wokungasebenzi i-Unemployment Insurance Act 63 ka 2001

8.4.9 UMthetho wesinxephezelo sokulimala nokugula i- Compensation for Occupational Injuries and Diseases Act 130 ka 1993; kanye

8.4.10 NoMthetho wokuphathwa kwezimali zomphakathi i-Public Finance Management Act 1 ka 1999

9 Amalungelo okugodla

Umkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE ungasinqaba isicelo sokukhipha irekhodi -

9.1 uma isicelo singahambisani nenqubo ejwayelekile yoMthetho i- Information Act;

9.2 noma ngasiphi isizathu esibhalwe eSahlukweni 4 Part 3 salo Mthetho; noma

9.3 ngasiphi esinye isizathu esisemthethweni.

10 Incwadi yeKhomishani yamaLungelo eSintu yezeluleko ngokusetshenziswa koMthetho i-Information Act

Ikhomishane yamalungelo esintu, maqondana nesigaba 10 soMthetho i- Information Act, yahlanganisa incwadi yezeluleko zokuthi lo Mthetho usetshenziswa kanjani. Le ncwadi yezeluleko iqukethe ulwazi olungasiza noma ngubani ofisa ukusebenzisa ilungelo lakhe elingaphansi kwalo Mthetho futhi iyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni.

Le ncwadi yezeluleko ungayitholakala uma ufuna ukuyibhekisisa *kokunye* emahhovisi ekhomishane yamalungelo esintu:

29 Princess of Wales Terrace
Cnr York and St Andrews Streets
Parktown, Johannesburg

kanye naku webhusayithi ethi www.sahrc.org.za.

11 Amalungiselelo okuhlanganyela komphakathi

Izinhlangano zikazwelonke zomphakathi, imikhandlu yocwaningo neyesayenzi, kanye nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni zingahlanganyela ezindabeni zomkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE ngokuthi ziphakamise igama likasihlalo kanye nawamalunga ajwayelekile omkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE.

12 Izindlela zokulungisa ezikhona eziphathelene nokungazithobi komkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE

12.1 *Noma ngubani ofake isicelo noma omunye ophathekayo onganeliswanga yisinqumo sesikhulu esiphethe somkhandlo wemfundo ephakeme iCHE sokuthi singabe noma sivume ukukhipha irekhodi* lomkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE, angakwazi ukuthi zingakapheli izinsuku ezingu-15 esitholile isaziso sesinqumo, afake isikhalo sokungeneliswa esigungwini esiphethe somkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE.

12.2 Isikhalo simele –

12.2.1 sibe ngesibhalwe phansi;

12.2.2 siqondiswe esigungwini esiphethe somkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE; futhi

12.2.3 sizichaze kahle izizathu zokunganeliswa.

12.3 Noma ngubani ofake isicelo noma omunye ophathekayo onganeliswanga yisinqumo sesigungu esiphethe somkhandlu wemfundo ephakeme i-CHE emuva kwesikhalo sakhe, angaqonda enkantolo efanele afune usizo angaluthola.

ISHEDULI 1

IFOMU ELISEMTHETHWENI LOKUTHOLA ULWAZI

ISICELO SOKUTHOLA IREKHODI LESIKHUNGO SOMPHAKATHI

(ISigaba 18(1) soMthetho i- Promotion of Access to Information Act, ka 2000 (Act No. 2 ka 2000))

KUSETSHENZISWA YI-CHE KUPHELA

Inombolo yeReferensi: _____

Isicelo samukelwe ngu _____
(yisho isikhundla, igama kanye nesibongo sesikhulu /noma sesekela lesikhulu esiphethe)
mhlaka _____ (usuku) _____ (indawo).

_____

Imali yesicelo (uma ifuneka): R .....

Isibambiso (uma sifuneka): R .....

Imali yokulithola: R .....

_____

UKUSAYINA KWESIKHULU / NOMA
ISEKELA LESIKHULU ESIPHETHE

A. Imininingwane yesikhungo somphakathi

Isikhulu esiphethe /Isekela lesikhulu esiphethe:

_____

_____

_____

_____

_____

_____

B. Imininingwane yomuntu ofake isicelo sokuthola irekhodi

(a) Imininingwane yomuntu ofake isicelo sokuthola irekhodi kumele ifakwe lapha ngenzansi.

(b) Ikheli kanye /noma inombolo yefeksi eseRephablikhi lapho kuzothunyelwa khona ulwazi, kumele linikwe.

(c) Isiqiniseko sesikhundla sokuthi kufakwe leso sicelo, uma kufanele, kumele sihlanganiswe.

Igama nesibongo esigcwele: _____

_____

Inombolo kamazisi i-ID: _____

Ikheli leposi: _____

_____

_____

Inombolo yefeksi: _____ Inombolo yocingo: _____

Ikheli le i-meyili: _____

Isikhundla sokuthi kufakwe leso sicelo, uma sifakwe ngokumela ominye umuntu: _____

_____

C. Imininingwane yomuntu omelwe ngomunye wamfakela isicelo

(Lesi sigaba kumele sigcwaliswe KUPHELA uma isicelo sokuthola ulwazi senzelwa umunyu omelwe.)

Amagama nesibongo agcwele: _____

_____

Inombolo kamazisi i-ID: _____

D. Imininingwane yerekhodi

(a) Nikeza imininingwane ephelele yerekhodi ofuna ukulithola, okuhlanganisa nenombolo yereferensi uma uyazi, ukuze litholakale irekhodi

(b)) Uma lesi sikhala esinikiwe singanele, sicela uqhubekele kwelinye ikhasi bese ulihlanganisa kuleli fomu.

Ofaka isicelo kumele awasayine onke amakhasi anezezelwe

Incazelo ngerekhodi noma ingxenye efunekayo yerekhodi: _____

_____

_____

_____

_____

Inombolo yereferensi, uma ikhona: _____

Eminye imininingwane engaba khona yerekhodi: _____

_____

_____

_____

E. Imali

(a)	Isicelo sokuthola irekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliqukethe imininingwane yakho siqu, iyokwenziwa kuphela emuva kokukhoka **imali yesicelo**
(b)	Uyositshelwa isamba semali okufanele usikhokhe esiyimali yokufaka isicelo
(c)	**Imali ekhokhwayo yokuthola** irekhodi incike ekutheni ufuna ukulithola lingayiphi inhlobo futhi esikhathini esanele sokulifuna nokuthi lilungiswe
(d)	Uma kufanele ukuthi uxolelwe ungakhokhi, sicela usinike isizathu sokuthi uxolelwelani

Isizathu sokuthi uxolelwelani ungayikhokhi imali: _____

_____

_____

F. Uhlobo ofuna ukulithola ngayo irekhodi

Uma ngenxa yokukhubazeka awukwazi ukufunda, ukubuka noma ukulalela irekhodi/ leli fomu lokufaka isicelo elinikeziwe ku-1 kuya ku-4 ngezansi, yisho ukukhubazeka kwakho futhi uchaza ukuthi iyiphi indlela leli rekhodi olidinga ngayo.	
Ukukhubazeka: _____ _____ _____ _____	Indlela leli rekhodi olidinga ngayo: _____ _____ _____ _____
beka uphawu u- X ebhokisini okuyilo **Amanothi:** (a) Ukuhambisana nesicelo sakho sokuthola irekhodi lingendlela ethile kuyoncika enhlotsheni lelo rekhodi eliyilo (b) Ukulithola ngenhlobo oyicelile kungenzeka kunqatshwe ngezinye izikhathi. Uma kube njalo uyotshelwa ukuthi ngabe uyalithola yini lingenye inhlobo (c) Imali ekhokhelwa ukuthola irekhodi, uma ikhona, iyoncika kancane enhlotsheni yokuthi ufuna ukulithola linjani.	

Uma uhlobo lwerekhodi kungelibhaliwe noma eliprintiwe:					
	Ikhophi yerekhodi *		Ukuhlolwa kwerekhodi		
Uma irekhodi liyimifanekiso: (lokhu kuhlanganisa izithombe, amasilayidi, amavidiyo, noma imifanekiso eyakhiwe ngekhompyutha, imidwebo, njll)					
	Buka imifanekiso		Kophisa imifanekiso *		Ukubhala kabusha imifanekiso *
Uma irekhodi lakhiwe ngokuqoshwa ngephimbo noma ulwazi olungatholaka ngephimbo:					
	Lalela ikhasethi (ikhasethi elilalelwayo)		ukubhala kabusha ikhasethi * (umbalo obhaliwe noma oprintiwe)		
Uma irekhodi likukhompyutha noma lisezintweni ezifakwa kukhompyutha noma ezifundwa ngumshini kuphela:					
	ikhophi lerekhodi eliprintiwe *		ikhophi eliprintiwe lolwazi olutholakale kurekhodi *		Ikhophi efundeka kukhompyutha * (istifi noma iCD)
Qaphela uma irekhodi lingatholakali ngolimi lolo olufunayo, usuyolithola ngolimi lelo rekhodi olungalo					

Ufisa ukulithola leli rekhodi ngaluphi ulimi: _____

G. Isaziso sesinqumo esimayelana nesicelo sokuthola irekhodi

Uyotshelwa ngencwadi ebhaliwe ukuthi ngabe isicelo sakho sivunyiwe /noma saliwe. Uma ufisa ukutshelwa ngenye indela, sicela uyichaze leyo ndlela futhi unikeze imininingwane edingekayo ukuze sikwazi ukuhambisana nesicelo sakho.

Ufisa ukutshelwa kanjani ngesinqumo esiphathelene nesicelo sakho sokuthola amarekhodi?

_____

_____

Ukusayina e …….. mhlaka …….. usuku ……20…..

_____
Ukusayina komuntu ofake isicelo /noma
okwalowo omelwe ngomunye

ISHEDULI 2

ISIGABA II SESAZISO 187 KUSOMQULU KAHULUMENI WOMHLAKA 15 FEBUWARI 2002

1. Imali yokukhokhela ikhophi yencwadi yokuchaza njengoba kusho inqubo 5(c) ingu-R0,60 ifothokhophi ngayinye ephepheni elingusayizi wekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo.

2. Imali yokukopisha eshiwo yinqubo 7 (1) yilena elandelayo:

			R
(a)	Ngefothokhophi ngayinye ephepheni elingusayizi wekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo		0.60
(b)	Ngekhophi ngayinye eprintwe ephepheni elingusayizi wekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo ekukhompyutha noma entweni efakwa kukhompyutha ukuze ifundeke		0.40
c)	Ngekhophi efundeka kukhompyutha nge-		
	i)	stifi diski	5.00
	ii)	khompekthi diski i-CD	40.00
d)	(i)	Ngokuqugula imifanekiso eqoshelwe ukubukwa bese ibhalwa, ekhasini elingu-A4 noma ingxenye yalo	22.00
	(ii)	Ngekhophi eqoshelwe ukubukwa	60.00
e)	(i)	Ngokuqugula irekhodi ebiqoshelwe ukulalelwa bese libhalwa, ekhasini elingu-A4 noma ingxenye yalo	12.00
	(ii)	Ngekhophi yerekhodi eliqoshelwe ukulalelwa	17.00

3. Imali yokufaka isicelo ekhokhwa yilowo nalowo ofaka isicelo, ngale kozifunela uqobo, njengokusho kwenqubo 7(2) singu R35,00.

4. Izimali zokuthola irekhodi zikhokhwa yilowo ofake isicelo njengokusho kwenqubo 7(3) ngale ndela elandelayo:

		R
(1)(a)	Ngefothokhophi ngayinye eyenziwe ephepheni elingusayizi wekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo	0,60
(b)	Ngekhopi ngayinye eprintwe ephepheni elingusayizi wekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo ekukhompyutha noma esentweni efundekayo efakwayo noma efundeka ngekhompyutha	0,40

(c) Ngekhophi esentweni efundeka ngekhompyutha okuyi -

	(i)	stifi diski	5,00
	(ii)	khompekthi diski i-CD	40,00
(d)	(i)	Ngokuqugula imifanekiso eqoshelwe ukubukwa bese ibhalwa, ekhasini elingu-A4 noma ingxenye yalo	22,00
	(ii)	Ngekhophi eqoshelwe ukubukwa	60, 00
(e)	(i)	Ngokuqugula irekhodi ebiqoshelwe ukulalelwa bese libhalwa, ekhasini elingu-A4 noma ingxenye yalo	12,00
	(ii)	Ngekhophi yerekhodi eliqoshelwe ukulalelwa	17, 00

(f) Ukufuna kanye nokulungisa irekhodi ukuze likhishwe, ngamarandi angu-R15, 00 ngehora ngalinye noma ngengxenye yalo, lingabaliwe ihora lokuqala elihambisana nokulifuna kanye nokulilulingisa.

(2) Ngenhloso yesigaba 22(2) soMthetho, yilokhu okulandelayo okwenzekayo:

(a) Yisikhathi esingamahora ayisithupha okungamahora okumele adlule ngaphambi kokuthi isibambiso sikhokhwe; bese

(b) ofake isicelo ukhokha igxenye yesithathu yemali yokuthola ulwazi njengesibambiso.

(3) Imali yokuposa ikhishwa ngesikhathi ikhophi yerekhodi sekumele liposelwe olicelayo.